**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKULWA NOBUGEBENGU EMANDAWE EMDONI MHLAKA 09 APRIL 2013.**

Mphathi wohlelo;
AmaKhosi aseNdlunkulu;
Ozakwethu kwisi Shayamthetho saKwaZulu-Natal;
IMeya yoMkhandlu;
Amakhansela;
Abefundisi;
Izinhlaka zonke zemiphakathi;
Umphakathi wonke;
Ngiyanibingelela.

Namhlanje sihlangene lapha njengezakhamuzi zaseNingizimu Afrika, KwaZulu-Natal, oGwini, eMdoni.

Kusitshelani lokhu na? Kusitshela ukuthi wonke umuntu olapha kumele akhumbule ukuthi noma ngabe uhlala esigodini kumbe ewadini ethile ngaphansi kwenduna noma ikhansela elithile, kodwa nawe uyingxenye yaleli lizwe kusuka phezulu kwehle njalo ngezigaba njengoba sengibalile.

Yingakho-ke kubalulekile ukuba sonke sibe yingxenye yezinhlelo zokwakhiwa kwesizwe, ikakhulukazi ezisuke ziholwa nguMongameli wezwe kanye noNdunankulu lapha esifundazweni.

Ngenkathi uMongameli wethu uMnumzane Jacob Zuma ethatha izintambo ngo-2009, ukulwa nobugebengu wakubeka eqhulwini kanye nezinye izinhlelo ezibalulekile njengezempilo, ezemfundo,ukulwa nobubha, ukuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya nokwakhiwa kwamathuba emisebenzi asezingeni elifanele.

Lokhu kwakungasuselwa nje emoyeni, kodwa kwakususelwa ezintweni ezazivela, njengezinselelo ezibhekene nabantu bakithi uma kukhankaswa ngaphambi kokhetho.

Wonke umuntu uyazi-ke ukuthi naphuma kanjani ngobuningi benu nayoqinisekisa ukuthi lo Hulumeni okhona kuqhubeke kube yiwona onisebenzelayo ngaphansi kobuholi bukaMsholozi kuzwelonke, uNdunankulu uDkt Zweli Mkhize lapha KwaZulu-Natal, uMeya wesifunda Ugu umama uKhansela Gumede noMeya walapha eMdoni uKhansela Khwela.

Uma kuyinina enaziqokela lo Hulumeni kuzo zonke izigaba kubalulekile ukuthi njengomphakathi owavota sivume ukulekeleleka ukuze lithi liphela leli hlandla lalo Hulumeni sibe singenako ukuzisola ngokuthi sakhetha yena.

Njengesizwe saseNingizimu Afrika, sesikhulume kakhulu ngale ndaba yokusabalala kwezigameko zokunukubezwa nokubulawa kwezingane zamantombazane ezincane nabesifazane asebekhulile – ogogo bethu.

Ngisho naye uMongameli uZuma uze wethula ngokomthetho umkhankaso we-Stop Rape Campaign ngenhloso yokuqwashisa futhi kukhuthazwe ukuba kwakhiwe umphakathi onakekelayo nohlonipha amalungelo abantu bonke, ikakhulukazi amalungelo abesifazane nezingane.

Kulokhu uze wanxusa ukuba zonke izinhlaka zemiphakathi, kuhlanganisa nabezenkolo nabaholi bendabuko, zibambe iqhaza ukubhekana nalo sathane.

Ngalokhu uMongameli wayeveza ukuthi sonke, kuhlanganisa uHulumeni nemiphakathi, sinomthwalo wokuhola leli lizwe sakhe umphakathi wentando yeningi nokhululekile. Kodwa okuphambili futhi kube ukubumbana nokubambisana ukuze sibhekane nezinselelo ezisithinta sonke simunye futhi sinamandla.

Lapha sikhuluma ngomphakathi ophila ngaphansi kwemigomo yokuba noBuntu, okusho ukunakekelana nokuhloniphana. Sikhuluma ngomphakathi onamathuba alinganayo emfundo, ezempilo, uphahla phezu kwekhanda namathuba emisebenzi. Sikhuluma ngomphakathi lapho wonke umuntu ezizwa ephephile futhi evikelekile.

Yingakho-ke uHulumeni walapha KwaZulu-Natal sewasungula uhlelo lokulekelela imiphakathi ukuba ibhekane nezinselelo ngokuhlanganyela, esilubiza ngokuthi u-*Operation Sukuma Sakhe*.

Ngalolu hlelo sigcizelela ukuthi izinto zidingidwe ezingeni leWadi lapho abantu behlala khona. Noma ngabe hlobo luni losizo oludingeka kuHulumeni, okungaba okazwelonke, owesifundazwe noma umasipala, indaba iqala ukudingidwa khona lapha.

Ngenxa yokuthi umsebenzi owenziwa kulolu hlelo ufana nempi yokulwa nezinkinga ezikhungethe abantu ngokwehlukana, izigcawu okuhlanganelwa kuzona sizibiza ngama-*war room*. Njengoba sonke-ke lapha sivela emaWadini athile, kumele wonke umuntu ayazi i-*War Room* yangakubo.

Okusempeleni nje kuyavela kwezinye izindawo ukuthi ezinye izinkinga zidalwa ngukuthi abantu abazihlanganisi nezinhlaka uHulumeni azihlelela ukuba zibalekelele. Kusekhona ngisho abantu kwezinye izindawo abathi abalazi ikhansela labo, okusho ukuthi ngekeke lowo muntu amazi ngisho omele isigodi noma umgwaqo wakhe ekomitini leWadi.

Ngokuholwa nguNdunankulu uDkt Mkhize sesike sahambela izindawo eziningana, ikakhulu ngaseThekwini lapho abantu bekhombise ukuluthakasela lolu hlelo luka *Operation Sukuma Sakhe* olusebenzisana nama *War Rooms* amawadi emiphakathi ehlukahlukene.

Ukubambisana esikutholayo, ikakhulukazi odabeni lokulwa nobugebengu, kukhomba kona ukuthi kuningi esingakwenza uma sindawonye.

Njengoba noMongameli elihlabile-ke ikhwela, nathi njengoHulumeni sesiphume umkhankaso wokuba kesikhulume nemiphakathi kukhuzwe nanku umhlola.
Naku siyisizwe sithelwa ngehlazo lokuhlukunyezwa kwabantu abadala nezingane, bedlwengulwa abanye baze babulawe ngesihluku. Kuhlale kukhulunywa ngemihlola, umhlola-ke lo.

Njengoba silapha nje sesiphuma naKwaSwayimane ngaseMgungundlovu lapho kuthe ngonyaka odlule sabona ichilo kunukubezwa ogogo abano-90 weminyaka.

Siphinde saya naseJozini nakhona okuyindawo esike yaba sezindabeni ngalo mkhuba omubi kangaka, kwahlukunyenzwa izingane zase zibulawa ngesihluku.

Namhlanje-ke sesilapha eMdoni njengoba nakhona siyayithola imibiko yokuthi abantu bahleli lubhojozi ngenxa yobugebengu obehlukahlukene, ikakhulukazi lapha eMandawe.

Sesizwile ukuthi iziphi izinselelo zobugebengu ezihamba phambili kule ndawo. Sesizwile ukuthi nalana iyenzeka lemikhuba emubi evimbanise emiphakathini yethu njengokubulawa nokulimazana kwabantu, ukugqekezwa kwemizi, ukwebiwa kwemfuyo, ukudlwengula kanye nale nsambatheka esixakayo yabantu abaphuma emajele ngoshwele bese benza amanye amacala.

Siyathola futhi ukuthi amanye amalunga omphakathi awasakwethembi ukusebenza kwe-Community Police Forum (CPF) kule ndawo ngenxa yezigameko esezike zenzeka. Siyezwa ukuthi kukhona abasola ukuthi isimo kule ndawo sibhebhezelwa ngabantu abaqhamuka ngaphandle abahlala ngokuqasha kule ndawo yaseMandawe.

UmNyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi-ke nawo usunazo izinhlelo ozenzayo zokungenelela kule ndawo ukuze kulungiswe isimo phakathi kwemiphakathi nezizwe zamaKhosi kule ndawo.

Okokuqala nje kukhona lolu hlelo esithi i-*Communities in Dialogue Programme (CIDP)*, lapho sithi imiphakathi mayixoxe ngezinto eziyizinkinga. Okunye kuzokuba ngukwakha uhlaka lwe-*Community Safety Forum*, oluzobhekana nazo zonke izindaba ezithinta ukuphepha bese lubheka nokusebenza kwazo zonke izinhlaka zokulwa nobugebengu ngaphansi kukaMasipala.

Kulolu hlaka sizodidiyela ndawonye:
UmNyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi;
Bonke laba esithi ama-*Safety Officers* abaqhamuka emaWadini;
AmaKhansela nezikhulu zikaMasipala;
Ubukhosi;
Amaphoyisa e-SAPS;
Ama-Community Police Forum;
ImiNyango kaHulumeni;
Izigungu zokuphathwa kwezikole;
I-KZN Community Crime Prevention Association;
Osomabhizinisi;
Abalimi;
Imboni yamatekisi;
Izinhlangano zamabandla ezenkolo;
Izinhlangano ezingenzi inzuzo;
Nezinhlangano ezingekho ngaphansi kukaHulumeni.

Sizoqinisa nalolu hlelo lwamavolontiya ezindaweni zalapha eMdoni siqinisekise ukuthi ahleleka ngokuhambisana nezinhlaka zamawadi, kuhlanganisa nama-*War Room* ngaphansi kukamasipala.

Kukhona nohlelo oluqondene nentsha, ikakhulu lena esafunda isikole. Ngaloluhlelo sifuna ukugxilisa umoya wokuhloniphana phakathi kwentsha iyodwa nokuhloniphana phakathi kwentsha nabadala.

Intsha kumele ifundiswe ngobungozi bokuthatha izindlela ezinqamulelayo, o-*short cut.* Siyazi ukuthi izingane eziningi zingena enkingeni ngenxa yo 'Sugar Daddy' abazixhaphazayo beziheha ngobukhazikhazi bezipho njengama-cell phone.

Kodwa lapha sinxusa nabo othisha ukuthi basilekelele ngokufaka lo moya wokuhloniphana nokuzihlonipha ezikoleni. Akumele kube yibona othisha abaholela izingane ophathe, bajole nazo bebe bewazi kahle umthetho ukuthi awukuvumi lokho.

Ukulethwa kohlelo lwe-*School Safety Project* ezikoleni kuzosiza nokuvula inkundla yokuxoxa phakathi kwabafundi, abazali nothisha, bakhulume nangengozi yokuzibandakanya nocansi olungavikelekile oluholela ekukhulelweni okungahlelelwe.

Siyazi ukuthi izinga le-HIV ne-AIDS liphezulu kanjani esifundazweni saKwaZulu-Natal, kanti u-70% walabo abatholakala negciwane kuba yintsha. Manje umuntu uyazibuza-ke ukuthi uma izingane zethu zingashintshi ukwenza njengamanje, obani abazokuba oNgqongqoshe, oMongameli, othisha, neziMeya kusasa?

Sizwile-ke futhi izolo ukuthi amaphoyisa angapha asebambe inqwaba yamabhodlela otshwala bomkokotelo kwabakhona nababoshwayo. Yiwo wonke umbulalazwe esithi siyawukhuza lona. Awucabange nje ukuthi utshwala obuhloliwe nobusemthethweni buyishaya buyivale kanjani impilo yomuntu, okusho ukuthi lobu obungahloliwe-ke mangakanani amathuba okuthi bukubulale.

Uma sekwenzeka inkinga la bese kudingeka siphume futhi siyokhalisana nemindeni yabantu abebephuza utshwala abangazi nokuthi buthakwe ngani futhi amabhodlela obufakwe kuwona awanabo yini ubuthi.

Zonke-ke lezi zinto esizishoyo ziyimizamo yokuba nilekeleleke njengomphakathi. Kodwa-ke okusempeleni kukunina njengomphakathi ukuthi niyafuna yini ukusizakala. Kukunina ukuthi niyayeka yini ukufihla izigebengu. Kukunina ukuthi niyayeka yini ukuthengela izigebengu abameli abazozikhipha phambili emacaleni. Kukunina futhi ukuthi niyayeka yini ukuthenga impahla eyebiwe emaseleni.

Kulabo abayintsha sithi kukunina ukuthi niyazibona yini ningabaholi baleli lizwe kusasa. Kukunina ukuthi niyafuna yini ukubona amaphupho enu nawabazali benu nabangani benu ephumelela. Kukunina ukuthi nifuna umlando unahlulele kanjani esikhathini esizayo. Ngabe nifuna abantwana benu bathi sazalwa izehluleki noma sazalwa amadoda namakhosikazi ayekwazi ukwakha isizwe na?

Ekugcineni sithi kusemadodeni ale ndawo ukuba abambe iqhaza elicacile emkhankasweni wokulwa nokudlwengula nodlame olubhekiswe kwabesifazane nezingane kanye nobugebengu bonkana.

**Ngiyabonga.**